# HILLCREST HIGH SCHOOL

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

## UKUHLOLWA KUKA JUNI

## IBANGA LESI -10

**ISIKHATHI:** **Ihora**

**AMAMAKI:** **35**

**Leli phepha linamakhasi ayi- 8**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI.
   ISIQEPHU A: umbhalo omude odlulisa umyalezo
   ISIQEPHU B: Izindaba Ezimfushane.

2. ISIQEPHU A: Khetha umbuzo OWODWA uphendulo ngawo.

3. ISIQEPHU B: Funda isiqeshana uphendule imibuzo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala izinombolo ngendlela ezihlelwe ngazo kuleli phepha.

6. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: Umbhalo omude odlulisa umyalezo.**

**UMBUZO 1**

**1.1 Incwadi yobungani: OGANDAGANDA – NG SIBIYA**

Umndeni wakwa Shabane uzosuswa endaweni obukade wakhe kuyo iminyaka iminingi ngenxa yokuthi sekuzokwakhiwa amafemu azoletha umnotho namathuba omsebenzi emphakathini. UVusimuzi kanye nomkhulu wakhe abahambisani nalesi sinqumo sabelungu bepulazi ube usuthatha isinqumo sokubhikisha (Protest).

Bhalela umndeni wakwaShabane uwuncenge ukuze uguqule isinqumo sawo njengelunga lo mphathi ozohlomula kulokhu. (20)

**1.2 Umlando ngomufi: BENGINGEKE NGISAKWAZI -S KHWELA**

Umndeni wakwaNduli uvelelwe ifu elimnyama kwadlula umzukulu wabo emhlabeni uThembi Nduli oneminyaka engamashumi amabili nanhlanu (25). Umndeni ube usukucela ukuba ubhale umlando ngomufi ozofundwa ngelanga lo mgcwabo.

Bhala umlando ngomufi (20)

**1.3 Ingxoxo: IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU -S KHWELA**

UVusi noNtozonke bahlangene ejele emva kokudukelana isikhathi eside, UNtozonke ukhombisa ukungaphatheki kahle ngesenzo sika Vusi sokuzishitsha igama abe uSenzo ejele.

Bhala ingxoxo phakathi kukaVusi noSenzo. (20)

**1.4 Amaminithi Omhlangano: ITOYITOYI - N G SIBIYA**

Abasebenzi epulazini likaMehlwenkunzi abeneme ngendlela umqashi abaphethe ngayo. Bakhala ngokunganikwa izinsiza kusebenza, ukukhushulelwa amaholo babe sebebamba umhlangano ophuthumayo ukudingida lezi zikhalazo.

Bhala amaminithi omhlangano ahambisana ne Ajenda obubanjelwe ehholo lomphakathi kuleli pulazi. (20)

**AMAMAKI: 20**

**UMBUZO 2**

**'OGANDAGANDA' – N.G SIBIYA**

Fundisisa lezi ziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

## ISIQESHANA A

"Kabusehli nobuthongo kuKhabazela. Sekusuke kudume ogandaganda ezindlebeni. Umuntu usephupha bona impela"
"Hawu, Ubaba uke awuphuphe nje owami?" Asho aphenduke abuke ugandaganda wakhe omi egcekeni. Lihleke ikhehla.
"Sengingaphupha **nemikhehlekhehle** le ezibolele?" Bahleleke kakhulu.
Bawubuke ugandaganda kaMkhize. Cha, isihambile yona iminyaka.
"Eyi kuyahlekwa ndodana noma kufiwe." NguShabane ehlala phansi.

"Kunjalo khona Baba."

"Empeleni iyangigulisa le ndaba yokususwa kwethu lapha.Namanje kusanzima ukuthi ngiyemukele."
"Kufanele kube nzima Baba. Sonke lapha kasifuni ukususwa ngenkani."
"Banenkani bona labantu Khabazela. Kunini nje betshelwa ukuthi kasihambisani nhlobo nokususwa lapho?"

Lisho linxaphe ikhehla. Libheke phansi. Linikine ikhanda. Abheke phansi noMkhize. Kuthuleke. Bakude ngemicabango. Ngesiksade kuze kuphefumule lona ikhehla. "Kawungiphuthume 'ke ndodana." Libuke uMkhize osaloku egqolozele laphaya emasimini agudle umuzi wakhe. "Ihamba kanjani imizamo yokugcina eniyenzayo Khabazela?"

2.1.1 Ubani umlingiswa oqavile omkhulu kule ndatshana esiyifundile? (1)

2.1.2 Sithini isithakazelo sakwaMkhize esitholakala esiqeshini esingenhla. (2)

2.1.3 Ngephuzu ELILODWA, bhala isizathu esenza uShabane angafuni ukususwa endaweni akhe kuyo. (1)

2.1.4 Igama elibhale ngokugqamile esiqeshini esingenhla lichaza ukuthi:

A. Ugandaganda musha ceke!
B. Ugandaganda usugugile. (1)
C. Ugandaganda uyakhandwa.
D. Ugandaganda uyagijima.

2.1.5 Bhala izibongo zabantu ABABILI ababeyingxenye yekomidi elaliwa nokususwa kwabantu endaweni. (2)

2.1.6 Umbhalo owawusesangweni likaShabane owawuthi "EKUPHUMULENI" unamthelela muni endikimbeni yale ndaba. (2)

2.1.7 Phendula ngokuthi IQINISO noma IPHUTHA bese usekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA.
Le ndaba ilandiswa ngumlandi ongumlingiswa endabeni? (2)

2.1.8 Hlobo luni lodweshu olutholakala esiqeshini esingenhla. (2)

2.1.9 Ngokucabanga kwakho kwaphazamisa kanjani uVusumuzi ukususwa endaweni. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

2.1.10 Ngabe umbhali wale ndaba ukwazile ukufeza umgomo wabalingiswa kule ndaba. Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI: 15**

**AMAMAKI ESEWONKE: 3**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**